

Ukuthanda Isihawu



NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:

Math. 6:25-33; Jakobe 1:5-8; 2:15, 16; Isaya 52:7; 1 Johane 3:16-18; Isaya 58:1-10.

Indimana Yekhanda:

Kuyabaphumela abalungileyo ukukhanya ebumnyameni: umusa, nobubele, nokulunga. Umuntu omuhle nguye onomusa, otshelakayo, esekela izindaba zakhe ngokulunga” (iHubo 112:4, 5).

Njengoba sesibonile, iBhayibheli ligcwele izibonelo zokunaka kukaNkulunkulu abampofu nabacindezelwe, kanye nobizo lokuthi abantu baKhe babasize. Nakuba lezindaba zigqanyisiwe, lomyalo weBhayibheli ugcwaliseka ngezikhathi ezithile-nje, futhi ngendlela encane, kanti uyofezeka ngokuphelele mhla kubuya uKrestu nezigameko ezingaphezu kwemvelo eziyolandela.

Singakafiki lesi sikhathi, ububi buzoqhubeka ngezindlela eziningi, buqhutshwa umthelela wobumnyama kaSathane nezingelosi zakhe. Lobubi buvame ukubonakala kakhulu ngobumpofu, isihluku, incindezelo, ubugqila, ukuxhashazwa, ubugovu, nokuhaha. Emhlabeni onje, imiphakathi yethu, amabandla ethu, nemindeni yethu idinga ukumelana nalobu bubu noma ngabe kulukhuni kangakanani ngezinye izikhathi. Ngokusabela othandweni nemiyalo kaNkulunkulu, njengoba siphila ngaphansi kokukhanya komsebenzi nomhlathshelo kaJesu, futhi sinamandla kaMoya oNgcwele, asibe nesihawu, sibe namacebo, sibe nesibindi sokufuna “ukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka” (Mika 6:8).

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 21.*

Okubalulekile Embusweni

Njengoba kwacaciswa ezimfundisweni zikaJesu nababhali beTestamente eliSha, labo abakhetha ukuphila njengamalunga ombuso kaNkulunkulu baphila ngezimiso ezehlukile nezinto ezibalulekile kubona zehlukile kunezezwe.

Funda kuMathewu 6:25-33. Sinikwa siphi isiqiniseko kulezindimana, futhi lesiqiniseko simelwe ukuba nomthelela onjani kulezo zinto ezibalulekile kithina na?

UJesu wafundisa ukuthi impilo akusikho ukudla-nje kuphela, nomzimba ungaphezu kwezambatho” (Math. 6:25, NIV). Lezinto zibalulekile, kodwa sidinga ukuzibuka ngamhlo ombuso kaNkulunkulu, okusho ukuthi sidinga ukuhlela kabusha izinto ezimqoka ezimpilweni zethu. Uma siluzwa ubizo olukulo lonke iBhayibheli lokuthi sifukule abanye, sibanake, lolubizo luzobamqoka kithina ekuzameni kwethu ukulandela ezinyathelweni zikaJesu. Bekufanele lolubizo lusisize singaxili kokwethu, kodwa kokwabanye kakhulu.

Lezimiso ezehlukene zokuhlela izinto ngokubaluleka kwazo ziguqula nobudlelwane bethu nalabo abasiphethe kanye nabacindezelwe. Nakuba iBhayibheli liyala amaKrestu ukuba alalele futhi ahloniphe uhulumeni ngokusemandleni ethu (bhaka amaRoma 13:1-7), siyafika nesikhathi lapho sizodinga khona ukusho amazwi kaPetru athi: “Simelwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu” (iZenzo 5:29). UJesu wazibeka zalingana lezimiso ngesikhathi ephendula labo ababezama ukumlinga ngalokhu, wathi: “Nikani uKesari okukaKesari, noNkulunkulu okukaNkulunkulu” (Math. 22:21).

Labo abasemagunyeni, kungaba kuhulumeni noma kwenye indawo, bavame ukuwapehezela ngokwesabisa amandla abo okuphatha. Njengoba sibonile empilweni kaJesu, ukuphila ngokwethembeka akusho ukugoba izandla ngaso sonke isikhathi noma kukhona ububi obenziwayo. Isibonelo, mayelana nodaba lwezizigqila eMelika, uEllen G. White wabhala wathi: “Uma imithetho yabantu ishaysana nezwi, nomthetho kaNkulunkulu, asilalele uNkulunkulu, noma ngabe umphumela ungaba yini. Umthetho wezwe lethu ofuna sinikele isigqila esibalekile kumphathi waso, asingawulaleli; futhi asithwale umphumela wokwephula lomthetho. Isigqila akuyona impahla yanoma ubani. UNkulunkulu uYena onelungelo lobunikazi, umuntu akanalungelo lokuzithathela isidalwa sikaNkulunkulu ezandleni zakhe, asenze esakhe.” — *Testimonies for the Church*, vol. 1, amakhasi 201, 202.

Siwudwebaphi umugqa phakathi kokulalela abasemagunyeni nokuvikela labo abayizisulu zombuso wencindezelo?

Ukukhathala Ekubeni Nesihe

Ukugwema ukuthi izinhloso zethu ezinhle zigqitshwe “yizo zonke izinkathazo ezisemhlabeni” abaningi bethu bafuna ukwenza okungaphezulu ukuze benze umehluko ezimpilweni zalabo abahluphekayo. Kunemiqondo eminingi nezenzo ezingasisiza sisabele ngendlela enhle kulabo abaswelayo.

Isihe: Njengoba sesibonile, ukubona ubuhlungu balabo abadabukile, nokuzwelana nabo, izinyathelo zokuqala ekwenzeni utho. Sidinga ukuba nozwelo olukhulayo ngakulabo abahluphekayo. Namhlanje, abantu bakhuluma “ngokukhathala ukuba nesihe,” okusho ukuthi sibhekene nosizi nezinhlekelele njalo-nje kangangoba abaningi bethu bakhathele yizicelo zemali nokutshengisa isihawu. UJesu wayebubona kahle-nje ububi nobuhlungu obabumzungezile; kodwa wayelokhu enesihe. Akube njalo nakithina.

Ukufunda: Ngenxa yokuthi izimo eziningi zokungalungi nobumpofu zinzima, ukulalela nokufunda ngalezo zimo kubalulekile. Kunezibonelo eziningi lapho abantu abanezinhloso ezinhle, benze umonakalo ezimpilweni zabanye bethi bazama ukusiza. Nakuba lokhu kungezona izaba zokungenzi lutho, masizibandakanye ngezindlela ezinobuhlakani.

Umthandazo: Uma sibona inkinga, umcabango ofika kuqala ukwenza okuthile. Kodwa iBhayibheli liyasikhumbuza ukuthi umthandazo into esebenzayo. Singenza umehluko ezimpilweni zabampofu nabacindezelwe ngemithandazo yethu, sithandazele bona kanye nalabo ababusa phezu kwabo (1 Thimotheu 2:1, 2), futhi sifune ukuqondiswa uNkulunkulu ngendlela esingaphendula ngayo uma sisiza (bheka iZaga 2:7, 8).

Okulindelwe: Elinye iphuzu elibalulekile emsebenzini wokunciphisa ukuhlupheka ukuba nezifiso ezifanelekile, njengoba izimo zasekuhlaleni, ezombusazwe, nezabantu ngabanye ngabanye zinzima. Ithemba lethu akube ukunika abantu ilungelo lokukhetha namathuba abebengeke babe nawo ngaphandle kwalawo mathuba. Ngesinye isikhathi okwenziwa abantu ngalamathuba kungasidumaza, kodwa asihloniphe ukukhetha kwabo. Noma iyiphi indlela esizama ngayo ukusebenzela abahluphekayo, isiqondiso sethu akube yilesi: “konke nokungakanani enifuna ukuba abantu bakwenze kini, kwenzeni nani kanjalo kubo” (Math. 7:12).

Funda kuJakobe 1:5-8. Umthandazo umelwe ukudlala yiphi indima emsebenzini wobuKrestu? UJakobe 2:15 uthi singaba naliphi igalelo ekuphenduleni imithandazo esiyenzela abanye?

Ukuphana

“UNkulunkulu uyamthanda onikela ethokoza” (2 Korinte 9:7), futhi ukupha ngokuthokoza umkhakha obalulekile wempilo yobuKrestu. Nakuba kudingekile ukuthi sizwe ukuthi lithini iBhayibheli ngokuphana kwethu nohlelo lokusebenzisa izimali, ukuphana akusikho-nje ukufaka imali uma usiza ngandlela thile, noma ngabe ludingeka kangakanani lolo sizo. Kunalokho, ukuphana esinye isimo somqondo esikhulu ekuphileni nophawu olugqamile “lwalabo abesaba uJehova,” njengoba kushiwo izikhathi ezimbalwa kumaHubo 112 “Umuntu omuhle nguye onomusa, otshelakayo, esekela izindaba zakhe ngokulunga” (iHubo 112:5).

Lezindimana ezilandelayo zifundisani ngokupha labo abaswelayo? Lev. 25:35-37, iHubo 119:36, 2 Korinte 8:12-15, 1 Johane 3:16-18, 1 Thim. 6:17-19.

Ezincwadini zakhe zeTestamente eliSha, uPawulu uvame ukukhuluma ngokuphana kukaNkulunkulu—okubonakaliswa kakhulu kuJesu enikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yethu—njengomthombo wethemba lamaKrestu. Ukusifela kwaKhe kusikhuthaza ukuba siphile impilo yokuphana ngenxa yabanye: “Ukuze ukuhlanganyela kokukholwa kwakho kube nomsebenzi ekwazini konke okuhle okukithi kuKristu” (Filimone 1:6) Ukuphana yindlela ethile yokubuka ukuphila ebanzi, egqamile, nehlanganisa konke. Kuningi kakhulu okusezimpilweni zethu, emiphakathini yethu, nasezizweni zethu okusenza sizicabangele thina, sizigcinele thina konke. Asikhulumeni iqiniso: kwabaningi bethu okufika kuqala u-mina, mina, mina.

Uma ukukholwa kwethu kungokweqiniso, kuzokwenza afe umina, siphilele abanye. Ukukholwa kwethu kususiza ukuthi sibone umhlaba nabantu abakuwo ngendlela uNkulunkulu awubona ngayo, ebuhleni bawo, nasekonakaleni kwawo, kusiqhube ukuthi sizame ukusiza labo abaswele noma kungayiphi indlela engenzeka. Njengophawu okuphilwa ngalo, ukuphana kuthakaselwa kalula yilabo abacelela izinhlangano iminikelo. Ukuphana okunjalo kuyabonakala futhi kunezithelo. Kodwa iminikelo emikhulu akusiyo impilo yokuphana ngaso sonke isikhathi (bheka uMarko 12:41-44). Impilo yokuphana ingaphezu kwanoma yimuphi umnikelo, futhi iyigugu. Sidinga ukuzifundisa umoya wokuphana kukho konke esikwenzayo. Ebantwini abanengi akuzifikeli ukuphana; sidinga ukubonakalisa umusa wezulu empilweni yethu ngendlela enenhloso, kungakhathalekile ukuthi imvelo yethu yesonno isidonselaphi.

Ngaphandle kokunikela ngemali, noma ukuphana, yiziphi ezinye izindlela esidinga ukubonakalisa ngazo umoya wokuphana?

Ukulamula

Funda kuMathewu 5:9. Emhlabeni ofana nalowo esiphila kuwona, sikwenza kanjani lokho okushiwo uJesu la? Ekugcineni, singaphumelela kanjani? Bheka uMarko 13:7.

Ukulwa kuyimbangela enkulu yokuhlupheka. Eminye yemiphumela yempi ukubakhona kwezisulu, nezimpilo zabantu ezikhahlamezekile, imali esetshenziselwa ukuthenga izikhali esikhundleni sokuhlangabezana nezidingo zabantu nokuphucula impilo yalabo abasinde kulolodlame nezamasosha abuya empini, ngisho nalawo “anqobile.” Kukhona futhi neziwombe zokulwa okuncanyana okuhlukumeza izinkulungwane zabantu phakathi kwemindeni nemiphakathi. Kulezimo intshesekelo yobulungiswa ngeke kungawunaki umsebenzi wokulamula. Embindini wevangeli lika Jesu kukhona isenzo sikaNkulunkulu somusa nesiphakeme sokuxolelanisa, ukubuyisana nabantu abayizoni noMdali wabo (bheka ku 2 Korinte 5:18:18-21). Kanti-ke ukubuyisana esikwamukelayo kuba yisibonelo sethu sokuba amanxusa alokho kubuyisana nakwabanye abantu.

Isaya 52:7. Singayiphila kanjani lendimana?

Ivangeli lokuthula lisinika ugqozi, isibonelo, nezinsiza zokusebenzela ukuthula emhlabeni onodlame: “Inhliziyo ehambisana noNkulunkulu inesabelo ekuthuleni kwasezulwini, futhi izobonakalisa umthelela wayo obusisekile kubo bonke abayizungezile. Umoya wokuthula uzofana namazolo phezu kwezinhliziyi ezikhathele nezikhahlamezwe udlame lwasezweni.”—Ellen G. White, *Thoughts From the Mount of Blessing*, ikhasi 28. Entshumayelweni yasentabeni, uJesu wathi: “Babusisiwe abalamulayo, ngokuba bayakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu” (Math. 5:9). Eqhubeka naleliphuzu, akagcizelelanga kuphela umyalo othi singabulali, kodwa wathi asingathukutheli noma sibe namagqubu (bheka uMath. 5:21-26) nokuthi asithande izitha zethu, sibakhulekele abasiphatha kabi (bheka uMath. 5:43-48), okusho ukuthi asithathe izinyathelo zokubenzela okuhle. Kunezindaba eziningi ezikhuthazayo zabantu abanikela ngempilo yabo ekusebenzeleni ukuthula ezindaweni zomhlaba ezinezimpi, beletha izinhlansi zokubuyisana nokwelapheka, kusenjalo benciphisa ukungalungi nokuhlupheka okubangwa yizimpi.

Yiziphi izindlela ibandla lakho elingasebenza ngazo njengomlamuli?

Izwi labangenalo Izwi

USolomoni wabhala wathi “kukhona isikhathi sokuthula nesikhathi sokukhuluma” (uMshumayeli 3:7). Wayeqinisile, futhi ukuzilinganisa lezinto akulula kithina sonke. Kodwa, uma sekufika odabeni lokukhulumela abacindezelwe nokuba yizwi lalabo abangenalo izwi, nokufuna ukunqoba ububi ngokulunga, kungenzeka yini ukuthi njengebandla senze iphutha lokuthula ngokwedlulele lapho kwakufanele lizwakale izwi lethu? AmaKrestu avame ukuthi ayizandla nezinyawo zikaJesu, esho ubizo lokusebenzela abanye njengoba siyalwa nguJesu. Kodwa ngokweBhayibheli ubizo lokuqala lukaNkulunkulu elokuthi abesilisa nabesifazane babe yizwi laKhe—kuthi ngokukhulumela uNkulunkulu, bakhulumele nalabo uNkulunkulu afuna ukubavikela (bheka iHubo 146:10).

Funda kuIsaya 50:1-10. Kufanele lesigijimi esanikezwa ngesikhathi esithile, nendawo ethile, phansi kwesimo esithile, sithini kithina namhlanje ngesinye isikhathi, kwenye indawo, nangaphansi kwezinye izimo? Kungakanani osekuguqukile ngempela phakathi kwesikhathi uIsaya asibhala ngaso, nesikhathi sethu namhlanje?

Ubizo lwabaprofethi lokuthi kwenziwe ukulunga kwakungahlosiwe ukuzitholela udumo ngalo. Kodwa ngokuqhutshwa uthumo lwabo oluvela kuNkulunkulu, bekwazi nokushisekela kukaNkulunkulu ngobulungiswa, bezwelana nabampofu nabacindezelwe, befuna nokuthi imiphakathi yabo ithole okuhle kuphela, labaprofethi bazidela baba yizwi lalabo abangenalo izwi ngesikhathi sabo nasezweni labo, yize babephikiswa, kubuhlungu futhi kunengozi (bheka u 1 Petru 3:17).

Ngokwazi kwethu ivangeli nobizo lokubonakalisa uJesu ezweni, amaSeventh-day Adventist anokuningi okuhle angakwenza mayelana nobubi obusezweni. Okufana nalokhu: “AmaSeventh-day Adventist akholwa ukuthi izenzo zokulwa nobumpofu nokungalungi okuhambisana nako, kuyinxenye ebalulekile yegalelo lamaKrestu emphakathini. IBhayibheli liwuveza ngokusobala umdlandla kaNkulunkulu ngabampofu nendlela alindele ukuthi abalandeli baKhe basabele ngayo ukunakekela labo abangakwazi ukuzinakekela. Bonke abantu banomfanekiso kaNkulunkulu, futhi bamukela izibusiso zikaNkulunkulu (Luka 6:20). Ngokusebenza nabampofu, silandela isibonelo nemfundiso kaJesu (Mathewu 25:35, 36). Njengompakathi wamakholwa, amaSeventh-day Adventist aqhakambisa ubulungiswa ngakulabo abampofu futhi “akhulumela labo abangakwazi ukuzikhulumela” (Izaya 31:8) kanti amelene nalabo “abaphuca abampofu amalungelo abo” (Isaya 10:2). Sinesabelo noNkulunkulu “otholela abampofu ubulungiswa” (iHubo 140:12).” *Seventh-day Adventist Official Statement on Global Poverty*, June 24, 2010.

Ukujula Nomcabango:

Funda ekaEllen G. White, “A Higher Experience,” amakhasi 503-516, ku *The Ministry of Healing*; Duty to the Unfortunate” no “Man’s Duty to His Fellow Men,” amakhasi 511-526, ku *Testimonies for the Church*, vol. 3; “Doing for Christ,” amakhasi 24-37, ku *Testimonies for the Church*, vol. 2. Ungacinga ezulwini nasemhlabeni, uzothola ukuthi alikho iqiniso elembuliwe elinamandla angaphezu kwalawo abonakaliswa ngezenzo zomusa kulabo abadinga isihe sethu nosizo. Leli, iqiniso njengoba linjalo kuJesu. Uma labo ababiza igama likaKrestu bephila ngokwezimiso zomthetho wegolide, lawo mandla ayebonakala ngezikhathi zabapostoli azobonakala nakubona.”—Ellen G. White, *Thoughts From the Mount of Blessing*, ikhasi 137. “Ukuthanda uNkulunkulu ngaphezu kwayo yonke into, nokuthanda abanye abantu okungenakuzicabangela—yisona siphosiphosile kakhulu uBaba wethu osezulwini angasipha sona. Lolo thando akusiwo umuzwa, kodwa umthetho wezulu, amandla ahlala njalo. Inhliziyo enganikelwe kuNkulunkulu ayikwazi ukuba nalolo thando. Lutholakala kuphela enhliziyweni lapho kubusa khona uJesu... Loluthando, oluyigugu emphefumulweni, lunandisa ukuphila, lube nomthelela omuhle kubo bonke abasizungezile.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, ikhasi 551.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- 1. Njengoba sibonile esifundweni saleliviki, ivangeli liyaqhubeka nokuba yisibonelo kukho konke esikwenzayo, lisinika nogqozi lokusiza abanye abantu njengoba noJesu wenza. Lokhu kulwenabise kanjani ulwazi lwakho nokwamukela izindaba ezinhle zalokho uNkulunkulu asenzele kona, nendlela atshengisa ngayo ukusithanda kwaKhe?**
- 2. Ukuphakamisa izwi lethu sikhulumela labo abangenalizwi, ukwenza umsebenzi wokulamula, nokunye okunjalo, kungasiholela eshashalazini lomphakathi noma elombusazwe. Kodwa, ibandla lamaSeventh-day Adventist belilokhu ligqoguzela ukwehlukaniswa kwebandla nombuso. Yini umehluko phakathi kokuzibandakanya kwezombusazwe okungafanelekile, nokukhuluma, usebenzela ukuthula ngezindlela ezisesidlangaleni?**
- 3. Yisiphi isinyathelo esisodwa okukhulunywe ngaso kulesifundo ongathanda ukuzithathela sona empilweni yakho nasemphakathini? Ungakufeza kanjani lokho?**
- 4. Yibuphi ububi noma incindezelo esemphakathini wakini noma emhlabeni jikelele, ozimisele ukubuthandazela?**

Ngokufingqiwe:

Ukuba umlandeli kaJesu kuzoguqula izimpilo zethu ngezindlela eziningi, okuhlenganisa nokuthi sibe nokushisekela ukuzihlanganisa nokukhathazeka kukaNkulunkulu ngabampofu nababukelwa phansi. Akuwona umsebenzi olula lona, noma othandwayo, kodwa uzoguqula uhlu lwezinto ezibalulekile empilweni yethu, usiqhube ukuba sithathe izinyathelo ezibonakalayo ukwelapha ubuhlungu obusemhlabeni osizungezile.